


## Isifiso seZizwe



---

## NgeSabatha Ntambama

### Kuleliviki funda ku:

Isaya 59; Isaya 59:15-21; Isaya 60:1, 2; Isaya 61; Isaya 61:2.

### Indimana Yekhanda:

“Izizwe ziyakuhamba ekukhanyeni kwakho, amakhosi ekukhazimuleni kokuphuma kwakho” (Isaya 60:3, NKJV).

**S**idinga ukufunda esikoleni sikaKrestu. Ayikho enye into ngaphandle kokulunga kwaKhe, engasinika ilungelo lesisodwa sezibusiso zesivumelwano somusa. Sizame isikhathi eside, safisa ukuthola lezi busiso, kodwa asizitholanga ngoba sibambebele emqodweni othi kukhona esingakwenza ukuzenza sizifanele. Asiyekanga ukuzibuka thina, sikholwe ukuthi uJesu uMsindisi ophilayo. Asingacabangi ukuthi owethu umusa nokulunga kuyosisindisa; umusa kaKrestu yilona themba lethu kuphela losindiso. Esebenza ngomprofethi waKhe, uNkulunkulu uyethembisa uthi: ‘Omubi makashiye indlela yakhe, nomuntu owenza okubi imicabango yakhe, abuyele kuJehova, uyakuba nomusa kuye, yebo, abuyele kuNkulunkulu wethu, ngokuba uyakwenza ukuthethelela kube kukhulu’ (Isaya 55:7). Sidinga ukukholwa isithembiso njengoba sinjalo, singafaki imizwa yethu esikhundleni sokukholwa. Uma sethamba uNkulunkulu ngokugcwele, uma sethembela ekulungeni kukaJesu njengoMsindisi othethelela isono, sizokwamukela lonke usizo esilufisayo.”—Ellen G. White, *Faith and Works*, p. 36. Kuleliviki sizobona okubanzi ngaleli qiniso elikhulu njengoba lembulwe ekubhaleni komprofethi uIsaya.

\*Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ndasas 20.

## Imiphumela Yesono (Isaya 59)

KuIsaya 58:3 abantu babuza uNkulunkulu bathi: “Sizileleni ukudla ungaboni na? Sizihlupheleni izinhliziyozethu ungakwazi na?” UIsaya 59:1 uveza okunye ukusambuzo, okuthi akube nje: “Sisifunelani isandla sikaNkulunkulu ukuba sisisindise, kodwa engasisindisi? Sikhalelani kuYe, kodwa engezwa?” UIsaya uyaphendula athi uNkulunkulu unakho ukusindisa nokuzwa (Isaya 59:1). Kodwa ukungakwazi kwaKhe ukwenza lokhu kokubili, olunye udaba olwehlukile.

**Funda kuIsaya 59:2. Ithini impendulo enikwayo la, ephendula umbuzo ka Isaya 59:1?**

---



---

UNkulunkulu ukhetha ukungabanaki abantu baKhe, hhayi ngoba kuyisifiso saKhe lokho, kodwa ngenxa yokuthi “izonozenu zibe umgoqo phakathi kwenu noNkulunkulu wenu” (Isaya 59:2, NRSV). Lawa amazwi acace kakhulu eBhayibhelini mayelana nomphumela wesono ebudlelaneni bukaNkulunkulu nomuntu. UIsaya usebenzisa okusele kwesahluko 59 enaba ngaleli phuzo, elibonakala kuwo wonke umlando wabantu: isono singabulala ubudlelwane bethu noNkulunkulu, bese kuholela ekubhujisweni kwethu kwaphakade—hhayi ngoba isono sixoshela uNkulunkulu kude nathi, kodwa isono sixosha thina sisuke kuNkulunkulu.

**Funda kuGenesisise 3:8. Lesibonelo siwutshengisa kanjani umthetho oshiwoyo kulesiqeshana?**

---



---

Isono, ikakhulu, ukwala uNkulunkulu, ukumflathela. Isenzo sesono empeleni siyazondla ngokwaso ngoba lesenzo akusikho-nje ukufulathela uNkulunkulu, kodwa umphumela wesenzo wenza isoni sidede nakakhulu kuNkulunkulu. Isono sisehlukhanisa noNkulunkulu, hhayi ngoba uNkulunkulu engakwazi ukuzelulela esonini (eqinisweni iBhayibheli lonke likhuluma ngoNkulunkulu ezelulela ukusindisa izoni) kodwa ngenxa yokuthi isono sisenza senqabe ukusinxusa kwaKhe. Kungakho-nje kubaluleke kangaka ukuthi singasibezeleli isono ezimpilweni zethu.

**Kweyakho impilo, sewuke walizwa kanjani leliqiniso lokuthi isono sikwehlukhanisa noNkulunkulu? Ngawakho amava, yini okuyisona sisombululo kulenkinga?**

## Ubani Othethelelwe? (Isaya 59:15-21)

UIsaya 59 usinikeza isithombe esethusayo ngenkinga yesono. Ngenhlanhla, iBhayibheli libuye lisinike ithemba lokusindiswa. Okokuqala, umbuzo uthi: ‘Bangaki kithina abonile (Roma 3:9-20, 23); ngakhoke alukho ubandlululo kulowo mkhakha (Roma 3:22). Labo abalungisiwe bangahlulelwa njengabalungisisiwe, kuphela-nje ngoba bamukela ngokukholwa isipho sokulunga sikaNkulunkulu ngomhlatshele kaKrestu.

**Funda kumaRoma 3:21-24. Lezindimana zisithelani ngokuthi sisindiswa kanjani? Kufanele zisinike liphi ithemba ekwahlulelweni?**

---

Iningi labantu licabanga ukuthi umbuzo ekwahlulelweni uthi: ‘Ubani owonile?’ Kodwa lowo akusiwo umbuzo odinga ukubuzwa, ngoba wonke umuntu wonile. Kunalokho, nanku umbuzo: ‘Ubani othethelelwe?’ UNkulunkulu ulungile uma emenza olungileyo “lowo onokukholwa kuJesu” (Roma 3:26, NRSV). Okuyikona okubalulekile ekwahlulelweni ukuthi: Ubani owamukele waqhubeka nokwamukela intethelo ngokuba nokukholwa kuJesu? Manje, kuyiqiniso ukuthi sahlulelwa ngemisebenzi, kodwa hhayi ukuthi imisebenzi iyasisindisa. Uma kunjalo, kungasho ukuthi ukukholwa kuyize (Roma 4:14). Esikhundleni salokho, imisebenzi yethu itshengisa ukuthi ngempela sisindisiwe noma cha (Jakobe 2:18).

**Kungani imisebenzi ingeke yasisindisa, manje noma ekwahlulelweni? Bheka amaRoma 3:20, 23.**

---

Sesidlulile isikhathi semisebenzi emihle, noma ukulalela umthetho, ukuthi kungasindisa noma ubani. Injongo yomthetho emhlabeni wesono akusikho ukusindisa, kodwa ukukhomba isono. Kunalokho, “ukukholwa, kusebenza ngothando” (Galatiya 5:6, NRSV), uthando oluthululwa enhliziyweni nguMoya kaNkulunkulu (Roma 5:5), lubonakalisa ukuthi umuntu unokukholwa okuphilayo kuJesu (bheka noJakobe 2:26). Imisebenzi okubonwa ngaphandle, ukubonakalisa kokukholwa okusindisayo komuntu. Kanjalo-ke, ubuKrestu beqiniso yilobo okunokukholwa okubonakala ngokuzinikela zonke izinsuku eNkosini, okubonakala ngokulalela umthetho. Ekwahlulelweni, uNkulunkulu usebenzisa imisebenzi njengobufakazi bezidalwa zaKhe ezingakwazi ukufunda imicabango yokukholwa njengaYe. Kodwa kumuntu ophendukile, okusebenzayo ekwahlulelweni yimisebenzi ilandela ukuphenduka, impilo iphiwe amandla avela kuKrestu noMoya oNgcwele. Impilo umuntu ayeyiphila engakaphenduki, igeziwe manje ngegazi leMvana (bheka amaRoma 6).

## Ubizo Emhlabeni Wonke (Isaya 60:1, 2)

**Ukhuluma ngani uIsaya 60:1, 2? Ubona kusebenza mthetho muni lapho okuyiwona obonakala kulo lonke iBhayibheli? Usinika themba lini?**

---

KuIsaya 60:1, 2 sinikwa umfanekiso wokukhululwa kwabantu bakaNkulunkulu, kulandela ukudingiswa, ngamazwi afanekisa uNkulunkulu edala ukukhanya kuphuma ebumnyameni, ukhomba nasekugcwalisekeni kokusindiswa ngoKrestu.

**KuIsaya 60:3, izizwe namakhosi beza ekukhanyeni kukabani na?**

---

Olimini lwesiHeberu, lomuntu owesifazane, futhi munye (bheka noIsaya 60:1, 2). Noma kanjani i”Siyoni” efanekiswe njengowesifazane, okukhulunywa ngaye ngasekugcineni kwesahluko esingaphambili (Isaya 59:20). Kanjalo-ke abantu basemhlabeni, abagubungelwe ubumnyama, bazokuba eSiyoni. Bazodonswa ukukhanya kwenkazimulo kaNkulunkulu ekuye (Isaya 60:2). “ISiyoni iyalelwa ukuba ingene ekukhanyeni okungokwayo, bese iqaphela izizwe njengoba zibuthana kukho lokho kukhanya.”—J. Alec Motyer, *The Prophecy of Isaiah: An Introduction and Commentary*, p. 494. Qaphela ukuthi nakuba iSiyoni kuyiJerusalema, kugxilwe kakhulu ebantwini ngaphezu kwezakhiwo zomuzi. Okusele encwadini kalsaya kwenaba ngengongoma eqale ukvela ezindimaneni 1-3: Abantu bomhlaba badonseleka eJerusalema, elibusisiwe ngenxa yenkazimulo yobukhona bukaNkulunkulu lapho.

**Lesiprofetho sifana kanjani nesithembiso sesivumelwano sikaNkulunkulu kuAbrahama? Gen. 12:2, 3. Azisho yini okufanayo?**

---

UNkulunkulu wayenenjongo yomhlaba wonke ngesikhathi ekhetha uAbrahama nezizukulwane zakhe, wathi: Ngo Abrahama, zonke izizwe zomhlaba ziyobusiswa (Gen. 12:3, Gen. 18:18, Gen. 22:18). Kanjalo-ke isivumelwano sikaNkulunkulu noAbrahama kwakuhloswe ngaso ukuba isivumelwano nabantu bonke ngoAbrahama. Yena nezizukulwane zakhe babezokuba yindlela yokwazisa umhlaba. UIsaya wayefuna kubuyisela abantu bakubo endaweni yabo yakudala, neyabantu bonke. Njengamanxusa kaNkulunkulu weqiniso, babenomthwalo wabo kanye nowomhlaba. Babemelwe ukwamukela abokufika abafuna uNkulunkulu (bheka noIsaya 56:3-8), ngoba ithempeli laKhe “liyakuthiwa indlu yomkhuleko kubo bonke abantu” (Isaya 56:7, NRSV).

## “Umnyaka Womusa kaJehova” (Isaya 61:2, NRSV)

### Ubani okhulumayo kuIsaya 61:1?

UMoya kaNkulunkulu uphezu kwalomuntu wasendulo, okusho ukuthi ungumesiya noma uMesiya. Uletha izindaba ezinhle kwabacindezelwe, ukubopha abanhliziyo zabo zaphukile, amemezele ukukhululwa kweziboshwa, nabathunjweyo” (Isaya 61:1, NRSV). Kuzwakala njengobani lokho? Qhathanisa noIsaya 42:1-7, lapho khona iNceku kaNkulunkulu ichazwa ngendlela efanayo. UIsaya 61:2 ukhuluma “ngomnyaka owamukelekile weNkosi.” UMesiya, ogcotshwe njengenkosi ngokozalo lukaDavide futhi onguMkhululi, umemezela umnyaka okhethekile womusa ngesikhathi lapho ememezela inkululeko. Qhathanisa noLevitikusi 25:10, lapho uNkulunkulu eyala abakwaIsrayeli ukuba bamemezele inkululeko ngomnyaka ongcewele wamashumi amahlanu: “Kuyakuba ijubili kinina: niyobuyela, wonke umuntu kinina, ezindaweni zenu. Yilowo nalowo kini aye emndenini wakhe” (NRSV). Lokhu kusho ukuthi abantu ababekade bephoqekile ukuthengisa ngemihlaba yawokhokho babo, noma ukuba yizigqila ukuze bakwazi ukumelana nezikhathi zokuhlupheka (Levi. 25:25-55) babezobuyiselwa imihlaba yabo nenkululeko. Ngoba umnyaka wejubili wawuqalwa ngokukhaliswa kwecilongo ngoSuku Lokubuyisana (Levi. 25:9), sikhulumile ngalokhu ngaphambili maqondana noIsaya 58. Ngesikhathi umnyaka weNkosi womusa kuIsaya 61:2 kuwuhlobo lomnyaka weJubili, akusikho-nje ukugcinwa kukaLevitikusi 25. Lomnyaka umenyezela nguMesiya, iNkosi, uma esezibonakalisa ngomsebenzi wokukhulula nokubuyisela. Lokhu kufana nokwamakhosi aseMesopotamiya kudala, ayekhuthaza isihe emphakathini ngokumemezela ukukhululwa ezikweletini uma esaqala ukubusa. Umsebenzi kaMesiya uhamba ibanga elide kunomthetho kaLevitikusi 25. Akagcini-nje “ngokumemezela ukukhululwa kwabathunjweyo,” kodwa futhi ubopha abanhliziyo zephukile, aduduze labo abakhalayo, enze ukubuyiselwa (Isaya 61:1-11). Ngaphezu “komnyaka weNkosi womusa,” umemezela “usuku lwempindiselo lukaNkulunkulu” (Isaya 61:2, NRSV).

**Sagcwaliseka nini isiprofetho sikaIsaya? Luka 4:16-21. Ukusebenza kukaJesu kwakufeza kanjani lokhu? Futhi, zibuze lombuzo obalulekile: Thina, asiyena uJesu, kodwa sifanele ukummela emhlabeni. Zinto zini ezenziwa nguMesiya, ngokusho kukaIsaya 61:1-3, lezo nathi emandleni ethu amancane, ngabe siyazenza? Futhi yiziphi izindlela eziphathekayo esingazenza ngazo lezo zinto?**

## “Usuku Lwempindiselo YeNkosi Yethu” (Isaya 61:2, NRSV)

**Phakathi kwazo zonke izindaba ezinhle, kungani uMesiya, ngokusho kuka Isaya 61, ememezela impindiselo kaNkulunkulu? Sigcwaliseka nini lesiprofetho?**

Ngesikhathi eseNazaretha, uJesu, uMesiya, wafunda kuIsaya 61 wafika lapho kuthi “ukumemezela umnyaka weNkosi womusa” (Isaya 61:2, NRSV; Luka 4:19, NRSV). Wayesema, wathi: ‘Namhlanje lombhalo ugcwalisekile phambi kwenu’ (Luka 4:21, NRSV). Kanjalo-ke, ngamabomu, wagwema ukufunda amazwi alandelayo kuyo leyo ndimana, athi: “usuku lwempindiselo lukaNkulunkulu wethu” (Isaya 61:2, NRSV). Ngesikhathi abathenisi waKhe wezindaba ezimnandi, inkululeko, nokududuza wase uqala ukukhulula abathunjweyo ogibeni lukaSathane, usuku lwempindiselo lwalungakafiki. Ku Mathewu 24 (qhathanisa noMarko 13, Luka 21), washo ngaphambili kubafundi baKhe ukuthi izahlulelo zikaNkulunkulu ziyofika ngesikhathi esizayo. Nangempela, kuIsaya 61 usuku lwempindiselo kaNkulunkulu “usuku olukhulu nolwesabekayo lukaJehova: (Joweli 2:31, NRSV; Malaki 4:5), oluyogcwaliseka mhla ebuyayo uKrestu ukuzokhulula lomhlaba kukho ukungalingi ngokunqoba izitha zaKhe nokukhulula insali yabantu bakhe ecindezelwe (Isambulo 19; qhathanisa noDaniyele 2:44, 45). Ngakhoke, nakuba uKrestu wawumemezela ekuqaleni “umnyaka weNkosi womusa,” isiqongo sakho singomhla wokubuya kwaKhe.

**Ukuhlenganisa kanjani ukuthi uNkulunkulu oluthando ubuye abe uNkulunkulu owethembisa impindiselo? Ngabe akuhlangani lokhu? Noma mhlawumbe ubona impindiselo kungukubonakalisa lolo thando? Uma kunjalo, kanjani? Chaza impendulo yakho.**

Nakuba uJesu wasitshela ukuthi siphendule esinye isihlathi (Math. 5:39), kwenye indawo wakusho kwaba sobala ukuthi ubulungiswa nesijeziso kuyokwenziwa (Math. 8:12). Nakuba uPawulu esitshela ukuthi “singabuyiseli ububi ngobubi” (1 Thes. 5:15), wabuye wathi “mhla ebonakaliswayo emafwini uJesu, ngelangabi lomlilo, uyoziphindisela kulabo abangamazi uNkulunkulu” (2 Thes. 1:8). Umehluko kodwa, ukuthi uNkulunkulu ekuhlakanipheni kwaKhe okukhulu nomusa, uYena yedwa okwazi ukwenza kokubili, ubulungiswa nempindiselo ngendlela enokulunga okuphelele. Ubulungiswa kwabantu, impindiselo yabantu, kuza nawo wonke amaphutha, ubuthakathaka, nokungalinganisi kwabantu. Ubulungiswa bukaNkulunkulu, buzokuba bungenayo neyodwa yalezo zinto. Yikuphi kulokhu okulandelayo ongathanda ukuthi aphindiselwe ngenxa yako umuntu owenza ububi? (1) Umuntu okhubekisa othile ongamthandi, noma (2) umuntu okhubekisa umuntu omthandayo? Lokhu kusizisa kanjani ukuqonda kangcono ukuxhumana phakathi kothando lukaNkulunkulu ngathi, nezixwayiso zempindiselo?

## Ukujula Nesifundo:

Bheka no Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, pp. 376-378; ne *The Desire of Ages*, pp. 236-243. “UJesu wayemi engophilayo phambi kwabantu njengochaza iziprofetho ezimayelana naYe. Esechaza amazwi ayekade ewafundile, wakhuluma ngoMesiya owayezokhulula abacindezelwe, umkhululi weziboshwa, umphulukisi wabagulayo, obuyisela ukubona ezimpuphutheni, ekhanyisela nezwe ngeqiniso. Ukuhlonipheka kwaKhe namazwi aKhe amangalisayo kwathathekisa abalaleli ngamandla ababengakaze bawezwe ngaphambili. Umthelela wezulu wadiliza yonke imigoqo; njengoMose, babona Ongabonwayo. Njengoba izinhliziyi zabo zazithintwa uMoya oNgcwele, basabela ngokusho o-amen ngomfutho bedumisa uNkulunkulu.”—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 237. “Usuku lwempindiselo kaNkulunkulu luyeza—usuku lolaka lwaKhe. Ubani oyokuma ngosuku lokuza kwaKhe? Abantu baqinise izinhliziyi zabo ngakuMoya kaNkulunkulu, kodwa imicibisholo yolaka lwaKhe iyogqobhoza lapho imicibisholo yokuncenga ingakwazanga. Kungekudala, uNkulunkulu uzosukuma, anqwamane nesoni. Umalusi wamanga uyobe esamvikela yini oweqa umthetho ngalolo suku na? Ziyokwamukeleka yini izaba zalowo owahamba neningi endleleni yokungalaleli? Ukuba nodumo, noma izihlwele ziyokwenza umuntu angabi nacala na? Lena imibuzo abadinga ukucabanga ngayo labo abanganaki nabaqinise izinhliziyi.”—Ellen G. White, *Faith and Works*, p. 33.

## Ubuzo Wokuxoxisana:

**Umfundisi wamaSeventh-day Adventist, ngokucabangisisa, wathi inkinga ehamba phambili emsebenzini wakhe ukuzikhethe kwamalunga ebandla angafuni abanye abantu bazihlanganise nabo. “AmaKrestu” angaluhambisa kanjani uthando, ithemba, nezindaba ezinhle zombuso kaKrestu kuwo wonke umhlaba ukuze abanye bathole ithuba lokusindiswa singakafiki isiphelo (Math. 24:14) njengoba bengafuni nokwamukela abantu abazihluphayo beze ebandleni labo na?**

**Ngokufingqiwe:** UNkulunkulu uhlambulula umphakathi ongalungile ngokususa abahlubuki nangokubuyisela insali ephendukayo ezonweni ebezikade ziyihlukanisa naYe. Ngenxa yezibusiso zobukhona bukaNkulunkulu, abantu bezinye izizwe badonseleka kuNkulunkulu nabantu baKhe ukuze nabo bahlomule isikhathi somusa kaNkulunkulu omenyezelwe waze walethwa nguMesiya.